

INHLABAMKHOSI YONYAKA WEZENZO ZOKUTHULA

Umyalezo woMntwana Mangosuthu G. Buthelezi
 UNdunankulu waKwaZul nonguMengameli weNkatha

23 APRIL 1989

INHLABANKHOSI YONYAKA HEZENZO ZOKUTHULA

Umyalezo woMntwana Mandosuthu G. Buthelezi
UNdunankulu MaKwaZulu nonguMengameli weNkatha

23 APRIL 1989

Bafowethu nodadewethu, sibamba lomhlangano namhlanje njengo=
mkhuleko womphakathi obhekiswe kuNkuliunkulu uSomandla ukuba
lendluzula^{ey} jenyanyekayo elimaza ukuhlonipheka komzabalazo
womuntu oMnyama wenkululeko kulelizwe njengamanje iqedwe
ngokushesha.

Sekunabantu abaNyama baseNingizimu ne-Afrika abangaphezu
kwenkulungwane asebefa ngezandla zabanye abantu abaNyama
baseNingizimu ne-Afrika kulokhu kubulalana okwenyanyekayo
lapho umfowabo eqhathwe khona nomunye imfowabo nalapho
ilunga lomndeni liqhathwe khona nelinye ilunga lomndeni.

Kungukubulalana osekudabule imiphakathi phakathi kwaphazamisa
ingisho nezenzo zabantu, imindeni nemiphakathi zokuziphephisa.

Ukufa kwalababantu abangaphezu kwenkulungwane kushiye amashumi
ezinkulungwane zabantu abafelweyo kwadala nezindimbane zabantu
asebebhace kwezinye izindawo ngoba kudingeke ukuba babaleke
ezindaweni abebakhe kuzo ukuze bayokhosela noma yikuphi
lapho bengakhosela khona. Ubukhulu balokhu obekwenzeka
bungishaqise ekujuleni koqobo lwami ngakho ngihlaba umkhosi
manje wokuba buqodwe bonke ubutha obukulokhu kugqolozelana
ngeziqu zamehlo okuphakathi koMnyama noMnyama.

Umuntu kufanele akhulume ngalokho kubulalana ngoba ububi bempela
bokubulalana baloluhlobo busekutheni loluhlobo lokubulalana
luziqhuba lona. Yilokho nalokho kubulawa komuntu kubiza
ukuziphindiselela ezinhliziyweni zalabo abafelweyo. Yileso
naleso senzo zokuziphindiselela sibiza esinye isenzo zokuzi=
phindiselela ngakho akekho ofuna ukuba kube nguyye ongowoku=

qala ukubeka phansi izikhali. Wonke umuntu uqala ukubona ukuphepha kwakhe kusevolovolweni elisekhikhini lakhe ibese wonke umuntu oqala ukubona isidingo sokweqala imingcele yendlu= zula yokuzivikela aze ego ngisho nemingcele yendluzula yoku= ziphindiselela. Abantu baqala ukusebenzisa amaqhinga lapho kuhlaselwa khona kuqala ngenhloso yokweqala ukuhlase= lwa ngaleyondlela indluzula isabalale iye phambili ngojubane elikhulu.

Ngaleyonkathi-ke bafowethu nodadewethu, kakube kusagcina nie ngokuba kubekhona ukubulalana okubhekana nokunye ukubulalana, izenzo ezibhekana nezinye izenzo, izenzo zoku= ziphindiselela ezibhekana nezenzo zokuhlasela kuqala, kepha kubuye kubekhona nezenzo zawoqonda (Vigilantes). Kakukho= muntu oqogquzela oqonda; kabalawulwa ngumuntu; kakukhomuntu obheke ukuziphatha kwabo; kabaqondiswa yimuntu. Bangamaqulo ezakhamuzi ezingukudla kwendluzula esezizithathele umthetho

zaziphathela wona ngezandla ukuvala isikhala esidalwa
yikubhidlika komthetho nokuthula.

Ngisho nangale kwezenzo zabantu abathile, izenzo zemindeni,
izenzo zamaqogo kanye nezenzo zawoqonda ezinomphumela wokubu=
lala, kukhona nonya lwezinswela-boya; eziqubuka sezizocekela
phansi zibulale ziphendule abantu izinkubele ngenkathi
zephuca abanye abantu impahla yabo.

Kufanele kunyakaziswe ukwenyanya kwabobonke abantu abaNnyama
baseNingizimu ne-Afrika abaziNtoniphayo futhi kufanele wonke
umuntu oNnyama oseNingizimu ne-Afrika akugcizelele manje
ukuba kuqedwe lokhu kubulalana okwenyanyekayo ngakho
iNkatha izimisele manje ukuba ibambe iqhaza eliphambili
ekuholeni indlela ebuyela ebuchosheni obuphilayo nokusungula
iqhinga lokuthula elizohlenganisa bonke abantu kuwowonke ama=
zinga lapho kufanele ukuba kuthathwe khona izingumo nalapho
kunezenzo ezidinga ukwenziwa khona.

Labo abazimisele ngokuthula ngokujiniso bazoba ngakithi ngakho siyanxusa ukuba njengoba sisukuma nje senza lokho esinokukwenza ngasohlangothini lwethu/ukudala ukuthula, nabanye benze abangakwenza ngakolwabo uhlangothi. Kayikho enye indawo engase ibe nesidingo sokusetshenziswa kweqhinga elihlanganisa amadembu amaningi njengoba sikhona lesosidingo ezenzweni zokuthula. Lapha kunesidingo sempela sokuba wonke umuntu enze lokho angakwenza kangcono esimeni leSo azifumana ekuso yena.

Ngihlaba umkhosi engiwubhekisa eSigunawini sikaZwelonke se-ANC eLusaka ukuba baphumele obala basho ukuthi ukubulalana kwelaKwaZulu nelaseNatali sokufanele kupheze manje. Ngiyabacela ukuba bakusho bakuphindaphinde lokhu bakusho kuzozonke izinhlelo abanokuzisebenzisa. Ngihlaba umkhosi engiwubhekise ku-UDF naku-COSATU ukuba benze konke abanokukwenza esimeni sabo ukugeda lobubutha. Ngihlaba umkhosi engiwubhekisa

emasontweni, ikakhulukazi ukuba abambe iqhaza lokuthelalana
amanzi lelo uKhristo ayehlose ukuba libanjwa yiBandla laKhe..
Ngihlaba umkhosi engiwubhekisa kuzozonke iziNyonyana zezise=
benzi nakuzozonke izinhlangano zezakhamizi eziMnyama nakuwo=
wonke amagogo abesifazane abaNyama naweNtsha eMnyama ukuba
kumenyezelwe unyaka ka-1989 njengoNyaka Wezenzo Zokuthula.
Thina esiseNkatheni sizimisele ngeqiniso ngokuthula futhi
sikufuna ngempela ukwenza noma yini esingayenza ukudala
ukugedwa kwalokhu kubulalana okungenabuchopho osequhubeke
zonke lezizinyanga eziningi kangaka. Sesiyaqumile indlela
yalokho esizokwenza engifisa ukunicacisela yona. Siyakudinga
ukusekelwa yini kulomkhankaso wokuthula ngoba ngaphandle
kwenu umkhankaso wokuthula ngeke ubenamadla.

Amandla empela okuthula asezinhliziyweni nasemiqondweni yaba=
ntu. Thina njengabaholi esingakwenza yikuvuna leyontando
enhle esiyaziyo ukuthi isekhona ezinhliziyweni nasemiqondweni
yahantu futhi siyisebenzise leyontando enhle entukuthelweni
yokuzimisela ngokuqeda lendluzula ophakathi koMnyama noMnyama.

Istidingo seziningo zosikhathi esifishane, isikhathi esipha=
kathi nondawo nesikhathoside osizayo

Bafowethu nodadewethu nxe abantu besesimant sokulahlalelwa
yithemba kabafuni ukhlanganyela ekushovuzaneni nozikulumo
ezingasho lutho zozifundiswa noma ukukhuluma kwezingcwele=
ngcwele zebantu bezenkolo. Bafuna ukubona izinto ozenzile
wayo futhi bafuna ukuzibona ngaso lesosikhathi. Ngaphandle
kokuba sibonento esinokuyenza njengamanzi okungani, kapha
esifanelo ukuyenza noma kanjani esikhathini esifishane
esizayo, ngeke sihambisane nabantu ngoba labo abathinteka
kakuhlu yibona abathukuthole kakuhlu futhi abazozubeka
nokuthatha umthetho baziphathole wona ngazandle banze lokho
ababone ukuthi kufanelo bakwenze.

Kulomhlalengano abaholi beMkatha bathi kint yilowo nalowo
kint ezimant zenu niva kwazi lokho okunokwenzile ukugada

lokhubulalana okubekayo lapho nikhona. Mibonile
ukuthi ukubekela nokubulala kakukugedi ukubulalana. Yilokho
nalokho kubulala kukwwezela okunye ukubulala. Niyazi
ukuthi kufanele kubekhona okwenziwayo nokuthi lokho kufanele
kwenziwe manje.

Niyazi futhi ukuthi kalikho ikhambi elingumlingo-ongumasheshisa
okungathi kusa libe selizelaphile izinkinga zonu zempela.
Niyazi ukuthi noma yini enokwenziwa ukugeda ubutha bendluzula
ngeke ibe nohlobo oluthile lomlingo kuyo okuyothi kusa
ngakusasa ube usugede indluzula. Kufanele sibe nohlelo
lwelokho esizokwenza olugala manje kepha okuyuhlelo futhi
esinokuluthuthukisa ngomuso nangobusuku olulandelayo ukugonge=
lola lokho esikuzuzayo okuyodingwa yiqhinga lokulwa nendlu=
zula ukuze linikeze abantu ithuba lokuthi kukhona okunokwe=
nziwa.

Abantu sebekhathele yikukhuluma okwenzeka ^{be} indluzula iqhubeka. Bakhathela ngabakhulumeni abachitha indluzula bebebheka engxenywe ngenkathi ozakwabo namanye amalunga ezinhlangano zabo beqhubeka nokubulala. Abantu bafuna izenzo ezisebenzayo; bafuna izenzo ezisebenzayo lapho bekhona futhi bafuna izinhlelo zezenzo eziphumelelayo ngempela.

Vilelo naleloziko leNkatha kufanele lihlangane futhi lihlangane ngokushesha nangokuphindaphinda ukuze liqiniseke ngalokho okunokwenziwa endaweni yalo ukudala ukuthula. Kufanele lelo nalelo ziko lihlangane ukuze lisho ukuthi akuphele ukubula= lana futhi kufanele lelo nalelo ziko ligqoquzale amalunga alo nabantu endaweni yakubo ukuba badale uhla oluhlangeneyo lekuphikisa indluzula. Kufanele leyo naleyo ndawo ingabe isanyamezelela muntu okuyo osephenduke umshini wokubulala ongasonayo imizwa yomigomo yobuntu. Kufanele kusebenze ukuzihlonipha kuyayonke imiphakathi. Sebenzisani ubuhlaka= ni babantu ezingeni lasekhaya.

.. AmaHhovisi kaNobhala-Jikelele weNkatha noSekela likaNobhala-Jikelele kufanele abe yizindawo lapho kuhlenganiswa khona imiqondo yokunganda nokugeda ukugqolozelana ngeziqu zamehlo okuphakathi koMnyama noMnyama elethwa ngabantu abasezingeni leziko. Kufanele abantu bakhulumele futhi basebenzele ubunye. Kufanele abantu babuhlelele lobobunye babantu abaNnyama lapho wonke umuntu eyokwenza khona lokho afumane ukuthi angakwenza esimeni sakhe. Kufanele kuhlatshe umkho= si wokuba kwemukelwe indlela yamaqhinga amaningi ngoba kuso= ndlelani yamaqhinga amaningi kuphela lapho ukunyamezelelana esikudindayo kungaqaliswa khona.

Nxa singakwazi ukunyamezelela lokho okwenziwa ngabanyo, si siyokuphikisa lokho abakwenzayo. Nxa abanve bengakwazi ukunyamezelela lokho esikwenzayo, bayokuphikisa esikwenzayo. Bafowethu nodadewethu selokhu kwathi nhlo siyakwemukela ukuthi sineqhaza lethu leNkatha esifanele yikulilamba kopha abanyo baneghaza labo abafanele yikulibamba. INkatha yafakwa

ngumlando uqobo lwawo enhliziyweni yomzabalazo waseNingizimu ne-Afrika wenkululeko. Inkatha imele ukubuthwa kwemihlathi yabantu abaNnyama elwela inkululeko eNingizimu ne-Afrika. Kasikwazi ukukudicilela phansi lokho esikwenzayo. Siyokufa kunokuba sikudicilele phansi lokho esikwenzayo.

Siyazi, nokho, ukuthi kalikho iqembu eliyodala ukuqedwa kobandlululo lilodwa. Siyazi ukuthi ubandlululo luqhubeka njengamanje ngoba thina njengabantu abaNnyama siqhekezeke phakathi. Siyazi ukuthi iNingizimu ne-Afrika eNnyama inama= ndla okuzifunola amathuba nokuthi abantu abaNnyama sebenawo amandla ombusazwe okudala ukuqedwa kobandlululo nokusungula iNingizimu ne-Afrika entsha. Thina esisoNkatheni siyazi ukuthi kuyikuphela kwento emi endleleni yokungoba kokugcina yikudalwa kqhekeko okwenziwa ngabanye ombusazweni wabaNnyama.

Abantu kufanele bafune indlela yamaqhinga amaningi ngoba

kusendlelani yamaqhinga amaningi kuphela lapho umakhelwana
engahlanganyela khona nomakhelwana ukufeza injongo eyodwa.
Nxa sizibekoQa injongo yokugeda indluzula kufanele umakhelwana
asebenze ngokubambisana nomakhelwana ngaphandle kokuvumela
ukuphazanyiswa yizinhlangano ezehlukene-eyo zombusazwe omakho=
lwane abangamalunga azo. Amalunga eNkatha kufanele eme
ndawonye namalunga e-UDF nalmalunga e-COSATU namalunga
e-ANC kanye namalunga anoma iyiphi enye inhlangano ukuze
kuchithwe indluzula, kuchithwe ukwesabisana kuchithwe nombu=
sazwe wendluzula. Amalunga azo zonke izinhlangano kufanele
eme ndawonye ukuze kudalwe ukuthula yikhona kuzobakhona inqu=
bekela phambili .

Kufanele sigxilo ekusebenzeni emiphakathini
ethinteki ngo ekubhaxabulweni yindluzula

Nxa umlilo, udlanga uwuhlasela enhliziyweni yawo. Nxa ugadla
isimo esibucayi, uya enhliziyweni yezinto ukuze ubhekane

nezindaba...../7

nezindaba ezivutha uphondo lapho zenzeka khona. Izenzo zokulwa nendluzula kufanele zenzeke lapho indluzula idlange khona kakhulu. Kakusizi lutho ukuhlala ezingqungqutheleni eLandani, eMoscow noma e-New York noma eKibhithawini noma eGoli ngenkathi indluzula yenzeka eMgungundlovu.

Ngabantu abakuleyo miphakathi enendluzula okufanele kuqondanwe nabo njengabantu abazofakwa ezinyathelweni zokuthula. Yibo ababulalanayo futhi kuphakathi kwabo lapho kufanele kusebenze khona izinyathelo zokuthula.

Izinyathelo zokuthula esezithathiwe kuze kube yamanje zehluleka, zehluleke ikakhulukazi ngoba kakubanga izinyathelo ebezinezingxabo zazo emiphakathini ethinteki kakhulu yindluzula. Sesikubone kaningi ukuthi abantu abangaphandle kabakwazi ukungona beqhamuka ezindaweni ezikude bazotshena abantu ukuba bayeke ukubulalana.. Ezinkundleni zokubulalana ngabantu ugobo lwabo abafanele ukunquma ukuthi bazolalela bani nokuthi

.. nxa bengamlaleli umholi, lowomholi akanalutho akanokubasiza
.. ngalo esimeni sabo.

Abantu kabafuni zona izingqungquthela; kabafuni ukukhuluma okungasho lutho. Bafuna into esebenzayo lapho kwenzeka khona izinto. Sesikubone kaningi saphinda sakubona futhi ukuthi abantu basizwa kanjani isidingo sokusetshenziswa komthetho. Isikhalo sokuthi amaPhoyisa akanalusizo sesiphu= me izikhathi eziningi nokuthi amaPhoyisa abuye ahlanganyele ekukhwezelweni kokugqolozelana ngeziqu zamehlo phakathi koMnyama noMnyama.

Isikhalo sokuba kubekhona okwenziwa ngamaPhoyisa siyisikhalo esiqhamuka kuzozonke izinhlangano zezombusazwe. INkatha seyakucela lokhu; i-COSATU seyakucela lokhu; i-UDF seyakucela lokhu. Bafowethu nodadowethu abantu bafuna ukuba kubekhona amaPhoyisa akwenzayo ngoba lokho okwenziwa ngamaPhoyisa kwenzeka lapho izinto zenzeka khona emehlweni abantu lapho indluzula iqhubeka khona.

Abantu bayofuna noma yini eqondana nomongo wokubhekuda kwendluzula nento eyoqeda indluzula lapho yenzeka khona.

Ngikugonda kahle ukuthi ngabantu abangenacala abahlupheka kakhulu lapho kwenzeka khona indluzula. Kulimala abantu abemi eceleni, babulawe bahlukunyezwe nxa amaqoqo alwayo ehlaselana emalokishini ethu nasezindaweni zasemakhaya. Ngabantu abangenacala abathukuthela kakhulu lapho indluzula igadla endaweni icekela phansi izingane zabo nabantu abathandekayo kubo. Izinkulungwane ngezinkulungwane zawo mame bayalila ngenxa yabayeni babo, izingane zabo, abafowabo nodadewabo ababulawayo.

Kakufanele lenkinga yendluzula siyithathe ngomoya wobufundi=swa. Kuqeneke siye lapho indluzula yenzeka khona sibhekane nayo lapho ikhona phakathi kwabantu ebathinta kakhulu.

Malapha futhi ihhovisi likaNobhala-Jikelele nehhovisi leSekela
likaNobhala -Jikelele weNkatha ayoba yizindawo zokuhlenganisa
izenzo neziphakamiso zalokho okunokwenziwa lapho izinto
zenzoka khona lapho kuqhubeka khona indluzula. Ngiyaphinda
ngithi amaziko eNkatha kufanele ahlange ezindaweni zawo
anqume ukuthi kuzothathwa ziphi izinyathelo ezindaweni
zawo.

Kufanele sikhankasele ukusekelwa kwesinyathelo sokuthula
yuquqaba lwabantu

Simemezela lonyaka njengonyaka. Wezenzo Zokuthula ngakho sidinga
ukusekelwa ngumhlaba. Umhlaba wonke uyashaqeka yilendluzula
ekhona endaweni yaseNgungundlovu namaphethelo nedluzula
esabalalayo iye nakwezinye izindawo isukela kulendawo.
Yileso naleso sakhamuzi saseNingizimu ne-Afrika esinokuzi-
hlonipha iyasithukuthelisa lendluzula ngakho zonke izinhla-
ngano ziyosekela noma yiziphi izinyathelo zokuthula ezingase-
benza ngempela.

Umpakathi womhlaba uyashaqeka yindluzula eyenzeka eSifundeni saKwaZulu neNatali. Izinhlelo zikaHulumeni nezizimeleyo emazweni aseNtshonalanga anezimali ziyokwazi ukuba zinikele ngosizo oluningi ukulekelela noma yisiphi isinyathelo esithathwayo ukunganda indluzula.

Ngizothuma ihhovisi lami elise-Landani nehhovisi lami elise-Arsterdam ukuba benze yonke imizamo yokusakaza lomyalezo engiwethula kubantu namhlanje phakathi kwabo bonke labo abangaba nosizo okusekeleni iziphakamiso zethu zokuthula.

Bafowethu nodadewethu, iKhomishani Yezomnotho yase-Yurophu (European Economic Commission) e-Brussels ivote izigidi zamarandi ezizonikelwa ekulweni nobandlululo nokulekelela labo abangukudla kobandlululo. Kunezigidi zamarandi eziphuma emasontweni kuwo wonke amagumbi eNtshonalanga Yurophu kanye naseMelika. Lezigidi zamarandi ziza njengomni-kelelo wamasonto aseNtshonalanga kulokho abacabanga ukuthi

kuyizinyathelo ezinhle eNingizimu ne-Afrika. Kufanele amasonto
awakelele uNyaka wethu Wezenzo Zokuthula njengesinyathelo
sabantu. Ngizocela noma yiluphi uhlobo lwemali engingayifu=
mana emasontweni omhlaba.

Singakhuluma ngokuthula kepha kulapho siqala khona ukwenza
okuthile lapho siyodala khona ukuthula. Ukwenza kubiza
imali. Nxa mina njengoMengameli weNkatha ngizogondisa
uMbutho ezenzweni zokuthula nalapho ngizogqugquzela khona
uMbutho weNtsha yeNkatha, noMbutho weNkatha wabeSifazane
nawowonke amaqoqo aseNkatheni ukuba benze okuthile lapho izinto
zenzeka khona, sizoludinga usizo. Sizozidinga izinto zokuthutha;
sizodinga zonke izindlela ezisebenzayo/zokuxhumana; sizodinga
ukusungula amahhovisi nezikhungo ezindaweni ezithinteki
kakhulu yindluzula. Sizodinga nezindlela ezisebenzayo zoku=
siza labo abanamakhaya neziqo zabo ezilinyazwe yindluzula.

Umyalezo obhekiswe kubantu

Kufanele sisebenzise zonke izindlela esinokuzisebenzisa futhi sisebenzisa ^{nawo} nawowonke amasu esinokuwasebensiza ekuqhubeni kwethulukuthula. Abantu sebebhekane nokukhuluma kokubulala; abantu sebebhekane nomoya wokubulala; abantu sebebhekane nemfundiso yombusazwe esekela uhlangothi olufuna ukuzibuyiselela ngezenzo zendluzula nezenzo zendluzula zokuhlasela kuqala labo ababonakala bengase badale indluzula. Sekube nomkhankaso omkhulu wombusazwe obhekiswe emphakathini wokukhwezela amalangabi endluzula.

Kufanele iqedwe imicabango yokubulala emiqondweni yabantu. Kufanele kusetshenziswe umkhankaso omkhulu osebenzisa wonke amasu okwazisa akhona ukudumisa ukuhlonipheka nokulunga kokuthula. Kufanele ihlakazwe imfundiso yombusazwe yesikhathi

esidlule abantu baxakwe ngamapheshana, imiyalezo yomsakazo nezinhlelo ze-TELEVISION ezihlaba umkhosi wokuthula.

Nalapha futhi sizodinga usizo olukhulu futhi ngisazonxusa izinhlelo zikaZwelonke nezomhlaba ukuba zisekele umkhankaso wethu wokuthula ngokusekela umkhankaso wethu wokwazisa kanye nezinyathelo zethu zemiyalezo ekhulunywayo nebonwa ngamahllo esizozithatha ekuhlaleni umkhosi wethu wokuthula.

Isidingo sokuqashwa okuqhubekayo kumkhankaso nobuholi obuqhubekayo emkhankasweni

Ezimeni lapho kusabalala khona indluzula lapho imiphakathi iphazamiseka khona nalapho kuphazamiseka khona izindlela eziqwayelekileyo zokuxhumana, amahemuhemu asebenza umsebenzi omubi wokufuqela abantu emuva naphambili nokubenza babulale nalapho ukubulala kungadingekiyo khona.

Ulwazi oluyiqiniso abantu abangafunda ukulukholwa ngoba
luyiqiniso luyinto ebaluleke kakhulu. Lolulwazi luZobalu=
leka kakhulu kunoma yisiphi isinyathelo sokuthula esizosithatha.
Sifuna ukuthatha isinyathelo lapho kwenzeka khona izinto;—
sifuna ukuba khona lapho indluzula yenzeka khona ngempela
futhi ukubakhona kwethu lapho kufanele sisebenze ukwendlulise=
la amaqiniso -endaweni ephakathi nendawo lapho eyodluliselwa
khona ohlelweni okwazisa esizoludala.

Kwesikwenzayo kufanele sigcizelele lokho okunokwenziwa lapho
izinto zenzeka khona lapho indluzula yenzeka khona. Ngakho
kufanele sibe nolwazi oluyiqiniso olunokwendluliselwa
ohlelweni olusebenza umsebenzi wobuholi obughubekayo.
Enyakeni wethu Wezenzo Zokuthula kufanele sibe lapho abantu
bedinga ukuba sibe khona - noma yikuphi lapho kudingeka
khona ukuba sibhekane nendluzula ebhedukayo.

Kubaluleke kakhulu ukuba khona kwabaholi abakhipha ulwazi oluyiqiniso nabasakaza amapheshana nabakhuluma ngemibhobho ehamba ezindaweni ezinezinxushunxushu. Lapha sibhekene nokuhlaselwa kwendluzula ngokupheleleyo okuhlelwa nokuqo=ndaniswa ngendlela esebenzayo ngoba kusebenzela phezu kwama=qiniso anobufakazi. Kubalulekile ukuqapha nokwelusa lokho okwenzekayo ngempela.

Ukungandwa kwomfundiso ekhwezela ukubulalana

Thina ngakolwethu uhlangothi singenza lokho esinokukwenza kuphela ngakho ngicela zonke izinhlangano ukuba zelekelele nganoma iyiphi indlela ezinokulekelela ngayo. Ngicela, ikakhulukazi, ezinye izinhlangano ezifana ne-ANC, i-UDF ne-COSATU, ukuba zipheze ukuhlasela kwazo iNkatha ngonya. Singayiqaphela imfundiso esiyikhiphayo. Singalugaphela ulwazi esilusakazayo kepha kasikwazi ukunganda unya loku=gxekana osekuhlohle abantu ukuba babulalane esikhathini esidlule.

Mhlawumbe isingqumo sokuma ekukhishweni kwemfundiso yombusazwe kuyokwenela ukunganda amaphuzu anochuku namanye abhendula amaphuzu anochuku emfundisweni yombusazwe. Ngicela i-ANC ukuba isakaze imiyalezo yokuthula nokunyamezelelana kwezo=mbusazwe emsakazweni we-Radio Freedom. Ngicela umnyango wayo kwezokwazi ukuba umemezele isidingo soku~~se~~sekela lokho okwenziwa yiNkatha ukudala ukuthula eNgungundlovu nasezifundeni zaKwaZulu zaseNingizimu ne-Afrika.

Ngicela i-COSATU ne-UDF ukuba basebenzise amandla abo eMkhandlwini wamasonto waseNingizimu ne-Afrika (South African Council of Churches) kanye nase Ngqungqtheleni yabaBhishobhi bamaKatholika yase-Afrika eNingizimu (Southern Africa Catholic Bishops Conference) ukuba bamemezele isidingo sokwesekela lokho okwenziwa yiNkatha.

Bafowethu nodadewethu lokhu esikwenzayo sikwenzela izwe lakithi; lokhu esikwenzayo sikwenzela imiphakathi eMnyama futhi sikwenzela ukuphephisa ukuzihlonipha kwabo bonke abantu abaNyama baseNingizimu ne-Afrika. Kasithungathi khona okungazuzwa yiNkatha; kasilweli zona izindaba zombusazwe wamaqembu eziqondene neNkatha. Esikufunayo nje yikusungula ukuthula lapho labo lowo nalowo enelungelo lokwenza lokho anokukwenza ukudala ukuqedwa kobandlululo.

Nxa ngicela ukuba kumiwe emfundisweni yombusazwe, ehlose ukunyundela abanye ngicela ukuba kuphakanyiswe ukuzihlonipha nokuhlonipha abanye ngaleyondlela siphakamise ukuzihlonipha thina zingobo zethu. Ngicela ukuba kwemukelwe ukuthi uhlobo oluthile lwemfundiso yombusazwe kalwehlukene neze nonlelo okwakhiwa ngalo inhlekelele yendluzula. Kufanele yonke indawo yaseMgungundlovu namaphotheno ibizwe ngendawo eyinhlekelele yezombusazwe simemezele esethu isimo esibuxi = cayi sezombusazwe lapho leyo naleyo nhlangano ihlanganela khona nezinye izinhlangano zombusazwe ukubeka ukuthula ngaphezu kwalokho inhlangano onokukuzuza embusazweni wamaqembu.

Makubekhona ukuthula manje

Bafowethu nodadewethu, sengikhulumile./ Ngicela ukuba nisebenzele ukuthula. Nginyanitshona khona manje ukuthi sibhekene nomsebenzi onzima kophakathi kufanele sigale manje. Kufanele sigale lapho sinokuqala khona lapho indluzula yenzeka khona futhi kufanele sigqugquzela sisebenzise wonke amandla esinawo sandise namandla ethu esinawo siwaphi-nde kashumi noma izikhathi eziyikhulu ngokuya ezinhlelweni zikaZwelonke nezomhlaba ezisingethe usizo ukuba zisikelele.

Kufanele kungabikho kungabaza manje ngokuzinikela kwethu ekuthuleni. Kufanele sikukhombise ezitaladini zethu zama-lokishi ethu; kufanele sikukhombise ezindaweni zonke ezinemizi ezindaweni zasemakhaya. Thina esiseNkatheni ngeke sifumaniseke sesintula nxa sekufika ekuqedeni lokhukubulalana okungenabuchopho okulimeza isithunzi seNingizimu ne-Afrika

eMnyama nokwehlisa izinga lomzabalazo womuntu oMnyama
wenkululeko. Kufanele sikwemukele manje ukuthi kufanele
siphoze ukudumaza inkumbulo yamaqhawe ethu nalabo abahluphe=
kela nabafela umzabalazo.

Bafowethu nodadewethu kuleNhlabamkhosi yami yokuthula nginga
kusho ukuthi ngisekelwa nguDokotela Nelson Mandela ngoku=
gcweleyo. Bafowethu nodadewethu ungibhalele esimeni soku=
boshwa kwakhe ejele. Ungibhalele ngomoya ojulileyo wokuzwe=
lana nalabo abahlupheka kakhulu nienxa yendluzula. Nxa
ngihlaba umkhosi ngiwubhekisa ku-ANC ngicela ukuba basekele
esikwenzayo nokuba bakusekele obala nasemhlabeni wonke ,
ngibacela ukuba balalele lokho okushiwo ngudokotela Nelson Mandela
Mandela encwadini angibhalele yona. Nxa ngihlaba umkhosi ngiwubhekisa
emphakathini womhlaba nakohulumeni, nasezinhlelweni ezisebenza
ngaphansi kohulumeni nezizimeleyo ukuba zisekele lokho esikwenzela
ukuthula esifundeni saKwaZulu naseNatali, nabo ngibacela ukuba
bakhumbule lokho okubhalwe nguYokotela Nelson Mandela.
Umyalezo wakhe ungumyalezo wokuthula. Nginifundela incwadi
yakhe bafowethu nodadewethu, ukuze nizizwele ngokwenu

okushiwo yileliqhawe eliyind'ana ye-Afrika lisekela lokhu
esikwenzayo

1335/88: NELSON MANDELA

Victor verster Prison
Private Bag X6005
Paarl South, 7624

3.2.89

Shenqe Othandekayo,

Ngidaythokoza ngomyalezo wakho wocingo lwe-Telex onnandi
nocatshangisiswe kahle owangithurelela wona egameni leNgonyama
uZwelithini neMkatha ngosuku lwami lokugubha iminyaka engama-
70 yokuzalwa. Ngayifumana nencwadi yakho yomhlaka 26 ku-
Agasti 1988. Iapho wawungifisela khona ukwelulama ekuguleni,
nalapho wawucacisa khona imizamo yakho ekhaya nangaphandle
yokuba kukhululwe iziboshwa eNingizimu ne-Afrika. Ngaphandle
kocingo lwakho lwe-Telex nolwe-Telegram olwaluvela kuNksk.
Helen Suzman, kunemiyalezo engamakhulu efanayo eyafikayo
ivela kwabanye abangifi. Sela kahle ezweni nakwezinye izingxenye
ezehlukeneyo zomhlaba. Kuyingxenye yokusekelwa okungaguqukiyo
kwabesilisa nabesifazane baloluhlobo, nengxenye valokho

okufezwe yinhlangano yethu ngaphakathi nangaphandle kwezwe ~~zwe~~
okunikeza iziboshwa amanye amakhulu kangaka nothemba.

Uzosheshe ukwemukele ukuthi kakulula neze kulendawo engikuyo
ukuba ngiphavule ngokugcweleyo nangokukhululeka ngemizwa
oyizwakalisa ngekhono elihle kangaka kulemibhalo engenhla.
Kwenele ukusho ukuthi ukuphikelela kwakho ukuba kukhululeke
iziboshwa ngaphandle kwemibandela ngaphambi kokuba kuqaliswe
ukuphonisana, kuyinto okuselokho kwathi nhlō ngiyemukela
njengomnikela owakhayo ekuthungatheni ukuthula okuyohlala
isikhathi eside kulelizwe.

Kusobala, ukuthi ithemba lami njengamanje yikubona, esikha=
thini esizayo, ukuvuselelwa kobudlelwane obuhle obabukhona
njakathi kwakho no-O. R., (Hnu. Oliver Tambo) naphakathi
kwezinhlangano zombili eminyakeni yawo-1970.

Umsebenzi oyinselelo enkulu kunazo zonke obhekene nebaholi
ngumsebenzi wobunye besizwe. Kakukaze kwenzeka ngesinye
isikhathi emlandweni wethu ukuba kubeyinto esemqoka kangaka
ukuba abantu bakithi bakhulume ngezwi elilodwa, nokuba
bablanganise imizamo yabo. Namayisiphi isenzo noma amazwi,
noma ngabe ahamuka kuphi, abonakala edala noma edlulisela
uqhekeko, esimeni sombusazwe esikhona, siyiphutha elifanele
ukugwenywa ngayo yonke indlela.

Kudingeka ulwazi oluningi kakhulu kunalolo enginalo njenga= manje ngaphambi kokuba ngikwazi ukusola noma yiliphi emaqenjini athintekayo kulokhu kungqubuzana okwenyanyekayo okwenzekayo eNatali. Nala kunjalo, ngikuthatha njengecala elibi kakhulu kithi sonke ukuba sehluleke namanje ukuhlenganisa amandla ethu okunganda lokhu kubulawa kwemiphefumulo eminingi kangaka engenacala. Umzabalazo uyimpilo yethu ngakho, ngisho noma ukufezeka kwamaphupho ethu amahle kakhulu kungase, kungabi yinto esiseduze singaphumelela, nokho ukuwenza lomzabalazo ube yinto esinokhisa kakhulu noma ubeyinhlekelele ngokuphele= leyo.

Kuyo yonke impilo yami ngisebenza kwezombusazwe zimbalwa izinto ezingidabukise njengokubona abantu bakithi bebula= lana bodwa njengoba kwenzeka njengamanje. Njengoba wazi, lonke uhlelo lwempilo yomphakathi kwezinye izindawo ezithi= ntekileyo luphazamiseke kakhulu, kwasala inzondo namagqubu angase abenathi iminyaka eminingi ezayo. Lolu yudaba oludinga ukubhekisiswa ngokuphuthuma yibo bonke abantu kulelizwe Kakyikho into eyigithokozisa ukwedlula ukwazi ukuthi uku= khathazeka kwami nokunxusa kwami kakuwelanga khona ezindlebeni ezivalekilayo.

Ngiyaphinda futhi ngiyathokoza eSilweni naseNkatheni ngomya= lezo wakho okhuthazayo. Ngikufisela okuhle kodwa wena kanye neNdlunkulu.

.. Owakho ngeqiniso.

MADIBA.

